327. (16) [1b] Hunting and trapping methods, especially of birds. K13/21 ~~AM/3/21.~~ K13/21 F. Vilakazi. 4 3/4 1/5

1

Ukucupha izinyone, kwelase Nhla.

Loku kuwumusebenzi onzima wabo bonke abafana kulele lasenhla. Kuthena ngelinye llanga ngomgqibelo ngezwa abafana bebanga umusindo. Ngamangala uk thi yini kanti laba bafana babamba izinyoni. Kwehlukene ukubanjwa kwezinyoni nazo izinyoni azi fani kukhona ezidla ezinhlava ezinye amabele ezinye umbila ezinye imisundu ezinye amaselesele ezinye amachwane ezinye umbila. Manjena kukhona ezinye ezinga chashwa kezi abafana bazi bamba ngokuzi zingela kuye kumenywane bese kuphuma bonke abafana nezinja

2 nezinduku zabo. Sekuzoqondwa lapho zande khona izinyoni. Kuye kushashwa izinyoni ezinje ngalezi. Emwenyane izintaki, amaphuphu azozonke izinhlobo zezi nyoni kuye kushawe nezi kurukuru nama Thende zane ezinjaengo nogwaja, namaqina, izithentsha ububibi nama wele nezingungubane ne zanci nemipheme, imbila umazala izingwena, nezinoni, nonogolantethe bese bebona nezinyoka ophephetwane, ubululu, insuze,ihlangwane wezimanzi nemi hlume, nezimfezi nezi mamba nezinye izinyoka abafana abaze sabi izinyoka ~~umbee~~ umabe zingela. Imamba into lakaka kwa hlanti ngase maRomeni nase mahlanzeni kwesinye isikhathi umuntu uzwangenja isikhali kanti ikhala njena isifile. Usezothi uma omunye ehamba ngakhona aqaphelise. Kwesinye isikhathi bayi bulale nenyoka leyo ngezagile nange zinja ngoba phela ezinye sezayi funda imikhuba yezinyoka.

3. Izinyamazane lezi zwama ukushawa ebusika. Kodwa emazweni abantu zishawa noma yisiphi isikhathi. uHulumeni akavumi ukuba zibulawe ehlobo ngoba zisuke zinamachwane. Uyaboshwa umuntu ashaya izinyamazane ehlobo. Kuzothi lowo ohlabene usezo bona ukuthi uyiphisi ngempela kodwa kuyalisa ukuzingela ngoba kwesinye isikhathi abantu bayayi banga inyamazane kwesinye isikhathi bashayane ngezagile balimazane inyamazane eyona ilwisa du inyama zane ebanjwe yizinja, ngoba kwesinye isikhathi ziyibamba ekusithekeni manjena nezinja zizokulwa ziyibanga leyonyamazane. Nabantu futhi sebe zophikisana base balwe bodwa. Kwesinye isikhathi izinja ziyedle ziyi aede. Abanye babuye belunele impela ekuzi ngeleni.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

S.327. K13/21 2

4 Umuthu onembayo oyena eyibona kahle inyamazane yakhe. Uma mhlawumbe ibonakhele ezinjeni ezimbili akwaba naqiniso ukuthi iyiphi eyibambile abanini bezinja bayaye ba hlukaneselana. Noma mhlawumbe ibisi shawe omunye yahamba kodwa leyoku yese ibanjwa inja yomunye kuye kwehlukaniselwane lapho. Kuyinto emunandi ukuzingela yingako abanye bantu befuye izinja ngazi ningi. Aziphiwa izinja uma kuyozingelwa zilala ziphiwe kancane umase kuzingelwa kuye kuqele lwane kubakhona izimpondo nezifuba kuhanjwa kancame. Izinja/zi yabanjwa ezinye zihamba kakhulu. Ezinye zihamba ngaphambili kwabamnizo. Akusiwona umuthetho ukuba inja yomunye

5. umuntu ihamba ngaphambi komunye umuntu . Izinyoni nazo zizingelwa njengazo izinyamazane kodwa kufuneka umuntu onethoma ezinyonini ngoba ngaphandle kwaloko omunye akabuyi nalutho. Kulekhuni ukuba inja ibambe inyoni ngoba iyandisa kufuneka umuntu ayethule ngesagile. Ukunemba loku umuntu ukuthola ekwaluseni uma kushawa unkatha lomiyuku jelo lezi nduku namatshe nese kushayeni wona amaphu. Kunje ngayo induku umfana uyifunda ekwaluseni uma umfana akhulela esikolweni abonakala ngako ukungayazi induku naggo kuba yigwala. Amashunga ahtolakala uma kudliwa iphaohu aze akule nabo usushinga lobo. Nakuwona amatshela kusekhona ayaziyo impela induku nagobo futhi kukhona amanye asakhahlile izindlebe.

6. Abanye abant babuye nezininingi izinyoni ngendaba yokunemba. Izinyoni ezivamile ukushayela ilezi izakwace, ongoqo nemathendele nemi jekejeke, nezimpangele, ikakhulu umalina inja iwuzwa kahle umukendo wenyamazane nowezi nyoni futhi inyamazane iyephuza ukuzwa ukuzayo umalina zonake iziphangele azikwazi ukundiza kakhulu uma izilulu lina. Izinja ezinye ezifundiswe kahle ziya zizingelela zibuye nabo onogwaja, noma iyiphi inyamazane. Okubi yingoba zibuye zibambe izimvu, futhi zizingelele nase zindaweni zabamhlophe be e kuvela amacala odwa. Sengikhulumangokucupha izikhona izinyoni nazo belu izinyamazane loku kwenza kuvame kuba fana abelusayo nakuma phisi impela ezinyamazane.

7. Izinyoni indlela yokuqala yokubamba izinyoni e okucupha ngisifu, uma uzucupha ngesifu kufuneka inhlava, izingcipho, umbeko netshe elihle liyisi capha esikhulu. Usuzocupha umase kuphele konke loku.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

S.327. K13/21 3

Ikakhuluª izinyoni ezicushwa ngenhlava ilezi umtholi, umncelu, inqomfi, uncede, amahlokohloko, amagwayigwayi, amagekhane umvemve, intaka, nama thithwaye, ezinye azivamile kubanjwa ngesifu. Kuye kuthi abafana ngesikhathi sase busika ngesikhathi sase busika uma izinkomo zidla amahlanga, bafunane nezinhlava lapha izinkomo sezi buqe ngakhona. Phela izinhlava zisuke sezihlezi phansi eziqwini zezi nhlanga kulesi sikhathi sase busika. Uzothi uma eyithola umucuphi bese ehleza uthi kancane ayifake izwa khona.

8 Kulolothi usezolu faka ngaphansi kwesifu manjena, inhlava isondele phakathi impela etsheni usezo cupha ngezi ngcipho nange mibeko. Imbeko yenzela ukuthi inyoni iggakwazi ukuyithatha kalula inhlava iwona futhi umbeko othi ungathi nteka noma inhlava ingaka thinteki beseliwa itshe isibanjwa masishane. Uma inyoni isibanjiwe kuthiwa iwekwami. Umuntu uyibona esekude phela ngoba iyavela ngesi sila esimuhlophe umasesivile isifu kuthiwa sishile. Uma kungabanjwe, kuthiwa cinyoni zinyonkele kwami usezo phinda futhi acuphe ufake nenhlava uma ziyi nyokele manjena usuzo cuphisisa impela uma ibuya isizozi phansa njena icamange ukuthi izinyonkela futhi kanti ca. Nawe uye uhlale usubekile ezinye nazo zihlaka

9. niphile ziluhosha ngemuva uthi lwenhlavu zinga ngeni ngaphansi kwesifu kokunye zuyasishisa isifu. Sithintha umbeko kuqala. Uma ibona kuthi asikhshi isizongena ilume maqede bese ixuma iphumele ngaphandle futhi. Kwesinye isikhathi zigcwele kuleso sifu mhlawumbe zinyonke muhlabumbe kubanjwe zibembili ngokuphangelana. Abanye ba bamba zibe utwenty abanye njalo ngaphansi nomanga phezulu kwaloko. Uma inyoni ibanjiwe kuhle uyimbele eduze nesifu sakho sengathi uyawushonisa ukugodi kuzothi uma zize zaningi uzimbele zonke lapho. Kužothi uma zize zaningi uze mbele zonke lapho. Kuzothi ntambama uma sezibuya izi-nk mo usuzoyo zikhipha zonk manjena sebezohawukela abanye bafana kuye hlulwana mhlambe oyena abe bambe kakhulú izâlo uyashile

10. bamuncethele abanye abafana. Uzothi uma efika ekhaya kuyise azethu-le zonke lezonyoni usezozosa uyise kuthi umbembe ayinike isalukazi ngoba inyoni yezalukazi leyo. Zothi umasezivuthiwe zonke izinyoni azinqume amakhanda awanike lowo ozibambile izinyoni nezingángila ezalowo obambile kuzothi onga bambanga lutho amuncishe yena.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Usezomubonga uyise. Noma ezishaye ngezagile udla amakhanda, azo nezingingila kufana nenja uma ibambile amathumbu iwadla yodwa namathambo eyanyamazane noma inyoni inkulu enjenge impangele. Nezinja seziyazi ukuthi uma kubanjwa enya ezikuthole lutho zona ezingabambanga. Inyama yenyamazane ayidliwa/kuwelanga idliwa ngakusasa ikiphekwe yome kade idliwe.

11. Olunye futhi uhlobo loku bamba zona izinyoni umuntu umba umugodi alinganisele ubungako balezo zinyoni azicuphile. Uzoba mude kancane njena ubeke phansi usuzothatha amabele noma umbila njenge zikudlayo usuzothela okancane ngaphandle wenzela ukuthi yokhona zizodonseka . Izothi uma ibona ophakathi inyoni bese iyangena ngendloko noma ngekhanda. Ayisenakukwazi ukuphuma futhi. Kwesinye isikhathi uyifumana izezwa kokunye njalo isifile. Ayi kwazi ukuphindela emuva uma ikeya ngena nezidla umhlava ziyenziwa fu hi kanjalo. Into njena inhlava uyifaka othini ukuze ingakhuphuki. Futhi uma us ke wayi bulala ihlava aziyithandi kahle iziyoni zifuna lena esezwa inhlava. Nasesifini kunjalo zithanda esezwa.

12. Olunye futhi uhlobo loku chupha uthatha izinkobe zombila noma amabele usuzowa bobosa nawo amabele lawo ubuse ufaka intambo kuwona. Usuyi bethela phansi ka khulu esigxatshene izothi uma ifika inyoni bese dila ngakuphanga. Kuffunela intambo encane engangohala. Izothi uma isidlile inyoni ibisi idonsa icabange ukuthi kuzo kumuka intambo isizodonsa kakhulu impela. Yenzela ukukhumula kuze kuze nama thumbu ayo ibisi iyafa njalo. Kuvamisile ezinyonini ezinkulu ezidla umbila kukhona nokuchupa ngonoxaka noma ngenofi. Izinyoni ezibanjiwe ngoku chp a azi cuthwa izinsiba ngoba ezinye aziyi ngalapho kukhonaizinsiba zezinye izinyoni futhi abadala bathi ukuzi lahlela inhlahla yokubamba izinyoni

13. uma uye uyicuthile. Kunje ngokukhulumela inyoni emulelweni ayikhulunyelwa inyoni emulilweni isuke yemukele. Uma uyitholele kufuneka ubophe amafingo kama findo kuhle abekude nesidleke senyoni. Uma sedusana baye bayi thathele abnye kuhle k be ukwazi kwakho kuphela. Nezingane ungazitshene ngoba zayokhulumela emulilweni. Kufana nokuthela amasi eziko inkomo iye igazuke amabele kufane noma incelwa imbulu. Futhi ukuletha uBumba ekhaya akuvunyelwe ngoba ziyadabuka izinkomo imibele. Nenyoni uma uyi

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

S 327 K13/21 5*

tholele awayi sethele uyengamele nesithunzi ngoba isuke imukele nama qanda awuwathinti ngoba iye izwe ngephunga ukuthi ukhona obethinta amaqanda ukuchupha kwenomfi. Kona kungcono impela

14 kodwa kuvuma uma liguqubele kuphela. Umali lebalele akuvumi ngoba inonyi iyancibilika ingabambeleli kuthatwa izinti zicome bese mhlawumbe ufake ukudla phakathi kulezo zinti noma wenze esidlekeni sayo. Isizomndeka inyoni. Izothi ngoku mindeka bese uehluleka nokundiza uma ucupha ngono xaka uyawu fihla ungabona kali bese uthela ukudla phezu kwawo noma ubop ele indlava olumini. Izothi uma ithi iluma inhlava bese iyab njw kwesinye isikhathi uyicupha ngogibe u a inesidleke. Ukubamba ngogibe kuvamise kuma Gedezi nezintaka. Ugibe lwenziwa ngomushoba wenzi nkomo omunyama wona ongasheshi ukubonakala ukuthathwa imicu emibili iphothwe ukuze ingadabuli inyoni uma isibanjiwe. Abafana bayazi funela

15 futhi izinyoni. Uyayc athi angabona inyoni noma iphethe ukudla usezo lalaphansi ayibeke lapho. Iyongena khona usezo thula isi khasha aze abone uk thi manjena isiphakathi impela. Usezo qonda lapho ingenekh na isizoku ethuka inyoni ngokwe thuka kwayo usezo yobeka lapho iphume khona. Nebala usefunana isidleke sayo uma inamaphuphu uyibonangoba iphethe ukudla emulonyeni usezokwazi ukuthi inama phuphu kuswele kele umuntu aqaphelise impela ngoba ithi uma ibapha abantwana igxume mashishane omunye engebone ukuthi isibaphile abantwana isizo buye iyofuna futhi ukudla uma abantwana beseba ncane benga kaboni iyaye ikhale kancane bese bayakhamisa abantwana nabafana bayabapha abantwana benyoni uma befuna ukuba basheshe bakhule.

END 327

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.